## USARS uzolekelela abaqashi nabahlinzeki bemininingo ukuthumela ukudalula kwabo okunembile

**Tshwane, 21 kuMbasa 2026 –** UPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (uSARS) ngokuhambisana nenhlososu wawo lokuhlinzeka ngengcaciso nesiqinisekiso kanye nokwenza kube lula kubakhokhintela ukuba baxhumane nesikhungo lulekelela bonke abaqashi kanye nabanye abahlinzeka ngrmininingo ukuba bathuthukise ukudalula kwabo imininingo. Isikhathi sokuthumela salezi zikhungo sesiqalile vele kusukela mhla lu-1 kuMbasa 2026 kuya kumhla zingama-31 kuNhlaba 2026.

Ngokujwayelekile, kuvame ukugxilwa esikhathini sokubuyiswa kwamafomu emininingwane ngentela kwabantu, kodwa-ke okuyiyona nqubo esekela lokhu ekwazi ukuthola ukuthi ukuthumela kwabantu kube lula ngaphandle kwezihibe noma kube nzihibe, okungaba ngenxa yokuhlola okuzenzekelayo okuqondile, imibuzo embalwa, noma ukuphikisana okumbalwa, yisikhathi sokuthumela sabaqashi nabanye abahlinzeka ngemininingo. Lesi sikhathi senzeka minyaka yonke kusukela mhla lu-1 kuMbasa kuya kumhla zingama-31 kuNhlaba kanti sidinga ukuba abaqashi nabanye abanomyalelo wokuhlinzeka ngemininingo bathumele imininingo emayelana nemiholo kanye nezimali okuqondene nabakhokhintela konyaka owedlule (01 kuNdasa 2025 – 28 kuNhlolanja 2026).

Abahlinzeki bemininingo okudingeka bathumele imininingo yomuntu wesithathu kubandakanya bonke abaqashi, izikhungo zezezimali, izinhlangano ezivunywe nguSARS ngokwesigaba 18A sezinkampani ezivunyelwe, ama-co-operative, izinhlelo zosizo lwezokwelapha kanye namathrasti, phakathi kokunye. Uhlu olunemininingwane lwabahlinzeki bemininingo abayalelwe ukuthumela luyatholakala ku-Third Party Data submission at a glance | South African Revenue Service.

USARS uthembele kumininingo evela kubaqashi kanye nabanye abahlinzeki bemininingo ukuze igcwalise kusengaphambili futhi ihlole ngokuzenzakalelayo amafomu entela yomuntu siqu abakhokhintela ngabanye okuvumela umkhokhintela aqinisekise imininingwane ekubuyiselweni kwamafomu entela yakhe ngaphambi kokuthumela. Ukufakwa kwemininingo yomuntu wesithathu kusengaphambili kuyisinyathelo sokuqala sokuhlola ngokuzenzakalelayo abakhokhintela ababalelwa ku-6 million njalo ngonyaka.

Ukungathunyelwa noma ukuhanjiswa kwemininingo yomuntu wesithathu engalungile kwaba nomthelela omubi kubakhokhintela, ngoba babekhishiwe enqubweni yokuhlola ngokuzenzakalelayo. Uma imininingo yomuntu wesithathu ithunyelwa ngokunembile nangesikhathi, abakhokhintela bangahlolwa ngokuzenzakalelayo, okwenza bakwazi ukuthumela amafomu emininingwane ngentela kalula. Ngakho-ke kubalulekile ukuthi abaqashi kanye nabahlinzeki bemininingo bathumele ulwazi lwakamuva nolunembile ngesikhathi.

USARS ukuqaphelile ukuthi abanye abaqashi kanye nabahlinzeki bemininingo babonakala bengaqapheli ngokugcwele izibopho zabo zokubika futhi abazange bazivumelanise nokuhambisana nezidingo zomthetho ezishintshashintshayo. Abanye abaqashi kanye nabahlinzeki bemininingo balinda kuze kube seduze kakhulu nesikhathi esingumnqamulajuqu sokuthumela ulwazi oludingekayo, okwenza kube nzima ngezinye izikhathi ukuxazulula ukungafani kwemininingo enikeziwe.

Ngesikhathi sokubuyisa amafomu emininingwane ngentela kowezi-2025 kubantu ngabanye, imininingo engaphelele yaba yimbangela yokuqinisekiswa okulandelayo:

1. 27 436 kokuqinisekiswa okwenziwa ngenxa yeminikelo yomhlalaphansi engekho noma engaqondani
2. 81 588 kokuqinisekiswa okwenziwa ngenxa yemininingo ye-IRP5 yomqashi engekho noma engaqondani

3. 16 819 kokuqinisekiswa okwenziwa ngenxa yemininingo yezinhlelo zokwelapha engekho noma engaqondani

Ngesikhathi sowezi-2026, uSARS uhlose ukushintsha ukuziphatha ngokuqinisekisa ukuthi abaqashi kanye nabahlinzeki bemininingo beqembu lesithathu ‘bakulungele ukubuyisa amafomu kusengaphambili’ futhi bathumela kusenesikhathi kunokweminyaka edlule. Kuzobanjwa imihlangano yokusekela ubuchwepheshe lapho ochwepheshe bezihloko bakwaSARS bezosiza khona ngokuthumela.

USARS unxusa abahlinzeki bemininingo ukuba basebenzise imigudu ephasiswe nguSARS, okuyilena:

- eFiling, uqaphele ukuthi lo mgudu ukuvumela ukuba uthumele umthamo oyizitifiketi ezingama-25 kuphela. Uvumela izitifiketi ezingamashumi amahlanu ze-IT3(d) ne-IT3(t)
- Connect Direct® uvumela umthamo ongenamkhawulo wemininingo ethunyelwayo
- Secured File Gateway (HTTPS) ivumela amafayili angaphansi kuka-10 MB
- e@syfile™: Abaqashi, izisebenzi zentela, nabasingathi bohlu lwabaholelwayo bangadawuniloda iveshini entsha ethuthukisiwe ye-e@syfile™ Employer kusizindalwazi se-e eFiling lapha www.sarsefiling.co.za ngaphambi kokuthumela ukudalula kwabo.

Abahlinzeki beminingo kumele babhalise ku-eFiling ukuze bakwazi ukusebenzisa le migudu uma kungukuthi abakabhalisi vele.

Eminye imihlahlandlela ingatholakala kokucacisiwe njengesidingo sebhizinisi (BRS) kanye neziqondiso zabasebenzisi kusizindalwazi sakwaSARS lapha IT3 Data Submission | South African Revenue Service. Abaqashi bangabhekisela kunqubo kaMqashi Yokudalula Yonyaka lapha Annual Employer Declaration process.

